# IMBIZO KAMONGAMELI

## NOMONGAMELI U-CYRIL RAMAPHOSA




## Ukuqondisisa uHlelo Lokuthuthukiswa Kwezifunda (i-DDM)

*Isifunda Esisodwa, Indlela Yokusebenza Eyodwa, Uhlelo Olulodwa, Isabelomali Esisodwa.*

### 1. Iyini i-DDM?

Iyindlela kahulumeni yokuthuthukisa ukuhlela okudidiyelwe kanye nokulethwa kwezidingonqangi kuyo yomithathu imikhakha kahulumeni ngokuthi kugxiliswe kakhulu utshalomali lukahulumeni nolomkhakha ozimele kwizifunda nakumadolobhakazi.

### 2. Kungani kube i-DDM?

I-DDM yagunyazwa iKhabhinethi mhla wama-21 kuNcwaba 2019 ngenhloso:

- yokwenza kangcono ukuphatha ngokubambisana kanye nokuhambisana ngaphakathi kuhulumeni okuhloswe ngakho ukwakha umbuso onekhono nothuthukayo ngokuziphatha.
- yokusebenzisa indlela yeqhingasu lezwe kuyo yomithathu imikhakha kahulumeni ngokwezifunda ezingama-52 kanye nezindawo zamadolobhakazi.
- yokwethula indlela yokwenza kanye nendlela yokusebenza kukahulumeni, esebenza ezindaweni zokuhlela ngokuhlanganyela, ukwenza isabelomali kanye nokuqaliswa kokusebenza.
- yokuvumela, ngokuhlela ngokuhlanganyela kwemikhakha yomithathu kahulumeni, iminyango kanye nezinhlangano zikahulumeni, iqhingasu lombono wesikhathi eside lohlelo lweminyaka eminingi, ukwenza isabelomali kanye nezikhathi zokhetho.
- yokuqoqela ndawonye imiphumela yokuhlela ngokuhlanganyela ibe uhlaka lweqhingasu lwesikhathi eside olubizwa ngoHlelo Lunye.
- yokuba ngumhlahlandlela kanye nokuthuthukisa ukuhlukaniswa nokubekwa eqhulwini kwezinhlelo, kanye nezabelomali zayo yomithathu imikhakha kahulumeni.
- yokusebenzisa zonke izinhlaka ezikhona zoBudlelwano Bangaphakathi Kuhulumeni (i-IGR) ukugunyaza, ukwamukela kanye nokubeka iso kuHlelo Lunye.
- yokweseka i-DDM esigabeni esiphezulu ngokusebenzisana noMongameli neKhabhinethi, ngokwesekwa nguMnyango Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zendabuko (i-CoGTA).
- yokwethula iZikhungo ze-DDM njengengxenye yekhono elengeziwe le-CoGTA.
- yokuthuthukisa isimo sohulumeni basekhaya.

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP

DDM DISTRICT DEVELOPMENT MODEL IN ACTION!

## 3. Izinhloso ze-DDM

Izinhloso sezizonke zeqhingasu le-DDM:

- ukuxazulula ukungafuni ukwabelana ngezinsiza zokuthunyelwa kwezidingonqangi kuwowonke amazinga kahulumeni.
- ukukhulisa umphumela kanye nokuqondanisa izinhlelo nezinsiza esinazo ngokusungula "iSifunda Esisodwa, Uhlelo Olulodwa kanye Nesabelomali Esisodwa".
- ukunciphisa igebe phakathi kwabantu nohulumeni ngokuqinisa indima yokulawula kanye namakhono emazingeni esifunda nedolobha.
- ukuqinisekisa ukubandakanywa ngokwenza isabelomali ngokobulili ngokubheka izidingo nezifiso zabantu bakithi kanye nemiphakathi ezingeni lakomasipala bendawo.
- ukwakha ikhono likahulumeni lokweseka omasipala.
- ukuqinisa ukuqapha kanye nokuhlola emazingeni ezifunda kanye nakomasipala bendawo.
- ukuqalisa ukusebenzisa indlela elinganayo ekuthuthukiseni phakathi kwezindawo ezisemadolobheni nezisemakhaya.
- ukuqinisekisa ukuthuthukisa okusimeme ngesikhathi kuqhutshelwa phambili izinhlelo zokugqugquzela ukuqedwa kobubha, ukuntuleka kwemisebenzi kanye nokungalingani.
- ukubhekwa kwezabelomali kanye nemiklamo ngendlela yokuzibophezela futhi eveza obala konke.

## 4. Ukuqaliswa kwe-DDM

Inqubo yokuqaliswa kwe-DDM izokwenziwa ngezinqubo ezimbili ezihambisanayo, ezizolandelwa nguhulumeni wonke. Lezi zinqubo okungukuhlukaniswa kwezindawo kanye nokubeka eqhulwini.

Ukuhlukaniswa kwezindawo kusho ukuthuthukiswa kwalokho okubekwe eqhulwini kanye nalokho okuhlosiwe ezindaweni (ezifundeni nakumadolobhakazi) okuzoholela kwimiphumela ebonakalayo ezimpilweni zabantu nasezindaweni abahlala kuzona. Ukubeka eqhulwini kusho ukubuyekeza nokuguqula izinhlelo kanye nezabelomali ukufeza imiphumela ebonakalayo efiswayo. I-DDM izoqalisa ukusebenza ngokubuyekeza nangokubeka eqhulwini izinhlelo zokusebenza, izabelomali kanye nezinhlelo zomkhakha ngamunye, umnyango kanye nenhlangano kahulumeni.

## 5. Ziyini iZikhungo ze-DDM?

IZikhungo ze-DDM ziyingxenye yazozonke izinhlelo zesikhungo zokuqaliswa kwe-DDM. Ziyingxenye yokwelulwa kwekhono le-CoGTA ngenhloso yokuthi idlale indima yayo ekuqhubeni ukusungula izikhungo ze-DDM kanye nokusiza ukusungula, ukwamukela, ukuqalisa, ukuqapha kanye nokubuyekeza uHlelo Lunye.

ISikhungo se-DDM sithathwa njengomxhumanisi oweseka futhi abe luhlelo lokusiza ukuhlela ngaphakathi kuhulumeni mayelana nesifunda esithile noma indawo ekumkhandludolobha noma inhlanganisela yezindawo zesifunda noma zomkhandludolobha.

## 6. Izinhloso zeZikhungo ze-DDM

Izinhlosonqangi zezikhungo ze-DDM:

- ukuqhuba nokuvumela ababambiqhaza kuhulumeni nasemphakathini ukuthi babe nokwabelana ngokubonga kanye nokuqondisisa ingqikithi yomkhandludolobha, izinselele kanye namathuba.
- ukuqhuba nokuvumela ukuthuthukiswa kombono owodwa owesekwe yimiphumela yekusasa okuvunyelenwe ngayo futhi efiswayo.
- ukuqhuba nokuvumela isivumelwano sababambiqhaza kuhulumeni nasemphakathini mayelana nokungenelela ngokweqhingasu, izindlela zoguquko noshintsho, okuhlosiwe, ukuzinikela nokuzibophezela ukuze kuzofezeka imiphumela yekusasa efiswayo.
- ukuxhumanisa izikhungo zendawo ezikhona nezinhlangano ukuvumela imininingwane ethembekile, ulwazi, ucwaningo kanye nezindlela zolwazi zokuthathela izinqumo phezu kobufakazi.
- ukuqhuba ukuthembeka nokusebenzisana okujulile ngaphakathi kuhulumeni kanye nemihlangano yokuhlela evumela ukuxazulula ukungaboni ngaso linye, ukungahleleki kanye nokuphindaphindeka kwezinsiza nemisebenzi.
- ukuba ngumhlahlandlela nokuqinisekisa umsebenzi wobuchwepheshe oqinile kanye namalungiselelo enziwa yiyo yonke iminyango kazwelonke neyezifundazwe, izinhlangano zikahulumeni kanye nomasipala ukufaka igalelo nasekubumbeni uHlelo Lunye.
- ukuqoqa izindaba ezibalulekile ukuze zizoxhunyaniswa, zihambisane futhi kuthathwe nezinqumo kanye nokukhuluma ngalolu Hlelo Lunye; kanye
- nokuhlanganisa lokho okuseqhulwini kuzwelonke, izinhloso, okuhlosiwe kanye namandla endawo, uhlelo lwezinhloso zokubamba iqhaza, iziNhlelo Ezididiyelwe Zokuthuthukisa (ama- IDP), njll.

## 7. Ukusungulwa koHlelo Lunye

UHlelo Lunye lunguhlelo lwangaphakathi kuhulumeni olucacisa uhlaka lweqhingasu lwesikhathi eside ukuhlahlela indlela utshalomali kanye nokulethwa kwezidingonqangi kwisifunda esithile noma endaweni yomkhandludolobha. Ludidiyelwe ngokusebenzisana yimikhakha yomithathu kahulumeni ("esungulwe kanyekanye"), lwakhiwa ngokwezinhlelo ezikhona.

Lokhu kuhlela ngokubambisana kuholela kuHlelo Lunye Lwangaphakathi kuHulumeni ngokuphathelene neSifunda ngasinye kwezingama-52 kanye nezindawo zaMadolobhakazi. UHlelo Lunye luluHlaka Lweqhingasu Lwesikhathi Eside olubandakanya izinhloso/ukungenelela kwesikhathi esifishane, esiphakathi neside ukuhlahlela indlela lonke utshalomani lukahulumeni noluzimele ezifundeni nasezindaweni zemikhandludolobha. Akulona uhlelo olunemininingwane noma olucacile oluchaza uchungechunge olugcwele lwemisebenzi yeminyango neyomasipala. UHlelo Lunye lusungulwe ngenqubo yokubambisana futhi lusiza ngokuqondisisa okufanayo ngesifunda noma ngendawo yomkhandludolobha phakathi kwababambiqhaza. Lucacisa umbono ofanayo kanye nemiphumela yekusasa efiswayo.

Luphinde luchaze okuhlosiwe kanye nokuzinikela okuhamba phambili kuyo yomithathu imikhakha kahulumeni kanye nababambiqhaza futhi lwamukelwe njenge-IGR kanye neSivumelwano Somphakathi. Ukuqaliswa koHlelo Lunye luqalwa ngumkhakha ngamunye kahulumeni ngokulandela iSikhathi Sikahulumeni Sokuhlela, esibandakanya ukubuyekezwa koHlaka Lweqhingasu Lwesikhathi Esiphakathi, ukubunjwa noma ukubuyekezwa kwamaqhingasu ngokomkhakha, izinhlelo zeqhingasu lomnyango kanye nezinhlelo zokusebenza zaminyaka yonke, kanye namaQhingasu Okukhuliswa Nokuthuthukiswa Komasipala, uHlaka Lokuthuthukiswa Kokuhlukaniswa Kwezindawo nama-IDP.